


# NAPHUMA UKUYOBONANI NA?

 Uma ngi...sivale inkonzo manje nje, ngingathi ngibe nesikhathi esimnandi, ngilalele lobu bufakazi. Futhi—futhi ngenkathi ngingena futhi ngabuka itabernakele elincane, ukuthi libukeka lilihle kanjani, azikho izaba zabantu, ngase-Utica lapha, ukungezi esontweni. Ngabe zikhona na? Impela benze okuhle lapha, abahlobo bakwenzile, ukwenza indawo enhle, enethezekile, enhle. Futhi indawo lapho kungeyona ekanokusho kangangokuthi uzizwa nje sengathi wena—wena—wena uzizwa ungakhululekile, kodwa ngizizwa ngikhululekile ngempela, kuhle nje, kuhlanzekile, kucecekile. Ngiyakuthanda lokho esontweni.

<sup>2</sup> Ngicabangile, leyonkondlo encane uMfowethu Graham... Zombili azifundile zivele—vele zashaya esikhonkosini. Uyazi, kuyi...Kuyi—into, ukuthi labo abavame ukuzama ukugijimisa omunye umuntu ezansi, a—akakaze abanjwe. Awu, ngingomunye wabo, Mfowethu Graham, oseke wabanjwa, izikhathi eziningana, ngakho-ke ngiyazi nje ukuthi kusho ukuthini.

<sup>3</sup> Kodwa ngatshelwa ngesinye isikhathi, ukuthi, ngale kwaBallard and Ballard, kwakukhona umfo owaya ngaleya ukuyomtholela umsebenzi, base bemcela ukuba asayine igama lakhe ephepheni. Futhi lapho eyosayina igama lakhe, wayengenalo... irabha ekugcineni kwepensela.

Futhi indoda yamtshela, yathi, “Awunayo irabha.”

Yathi, “Awu, angiwenzi amaphutha.”

<sup>4</sup> Futhi uMnu. Ballard wathi, “Khona-ke angikwazi ukukusebenzisa. Ngeke wenze lutho.” Ngakho-ke lokho kumayelana... Ngicabanga ukuthi kuthi akube njalo. Uma singawenzi amaphutha, angeke senze lutho. Kodwa engikuthandayo ngomuntu, ukuthi, uma wenza iphutha, isosha langempela lilungele ukusukuma liphinde lizame futhi. Kwakuvame ukuba neculo elincane esasilicula.

Uma ngiwa noma uma ngehluleka, (*okuthle*  
noma *okunye*)

Mangivuke ngiphinde ngizame futhi;

Ngithethelele, Nkosi,

Futhi phinda ungihlule.

<sup>5</sup> Ngakhuleka lokho kakhulu kakhulu, kuNkulunkulu, ngaze ngaba namahloni ngami, cishe impela. “Ake ngisukume ngiphinde ngizame futhi.” Ngiwa njalo, futhi isikhathi ngasinye, ngani, Ube nesihawu ukungisiza ukuba ngibuye futhi.

<sup>6</sup> Manje, uma nje sikubhekisisa, akukho-hora osukwini, nhlobo, ngaphandle kwalokho okuthile esikwenzayo okungalungile. Futhi manje abekho abancane noma abakhulu, bonke bakhulu phambi kukaNkulunkulu. Ngakho-ke uma uMphostoli uPawulu kwakufanele afe nsuku zonke, sizofanele sife nsuku zonke kangakanani-ke! Niyabo?

<sup>7</sup> Bese kuthi-ke, ngiyacabanga, umuntu owenze into ethile engalungile futhi ezimisele ukuyilungisa, isimo sengqondo somKristu sangempela siwukuthethelela lowo muntu. Futhi lapho yilapho, ngicabanga, Mfowethu Graham, ukuthi abantu bebandla, namhlanje, baphuthelwa yikho kakhulu; esikhundleni sokuzama ukuphakamisa lo muntu futhi, wukuqhubeka nje ubashovele phambili. Niyabo? Njengokuthi, niyabo, uKristu, ngenkathi sisengabaphansi kunabo bonke, Wakhothama futhi wasiphakamisa, futhi ngakho-le lokho kukwenza kufinyelele lapho obekufanele sibe nalohlobo lomoya, futhi.

<sup>8</sup> Angikwazi nje ukubiza igama lakhe; mhlawumbe abanye benu bazalwane bangakwazi. Bengilokhu ngicabanga ngakho kusukela ngenyukela lapha. UPawulu wayenjalo... Wayebambe isigqila esibalekile. Angikwazi ukucabanga ukuthi lalingubani igama lakhe, okwamanje. Noma kunjalo, wayenesikweletu esikhulu. Futhi uPawulu wayethandane kakhulu noKristu, waze wathumela izwi enkosini yesigqila. Wathi, “Manje usephenduke umfowethu othandekayo. Futhi konke akwenzile, nakho konke lokho akukweleta khona, niyabo, kufake esikweletini sami. Futhi ngizokukhokhela uma ngidlula.” Niyabo, uPawulu wayekade engumKristu, isikhathi eside kakhulu, waze wawazi ukuthi kuyini ukuthethelela, ukuthi kusho ukuthini ukuthethelela othile. Wayekade ethethelelwe, qobo lwakhe. Futhi ngicabanga ukuthi wonke umKristu, osethethelwe ngempela, uyakwazi ukuthakasela ngentethelelo.

<sup>9</sup> Ngisanda kuzwa ubufakazi uMfowethu Graham abunikezayo ngoMfowethu Busty. Lokho okukaMfowethu Rodger... Ubaba kaSister Creech. Wahlinzwa, ezinsukwini ezimbalwa ezedlule, futhi bathola umdlavuza, futhi bavele bamthunga. Ngakho-ke masihlale simkhulekela. Kodwa enye yezinto ezimnandi kunazo zonke... UMfowethu Creech wayengibizile, ukuba ngihambe futhi ngiyombona, futhi ngangingazi ukuthi wayesesibhedlela. Futhi ngenkathi ngingena ekamelweni, wathi, “Mfowethu Bill,” wathi, “Sekukaningi nginizwa nonke nikhuluma ngokubeka izandla kothile.”

<sup>10</sup> Ngathi, “Yebo, Busty.” Ngambiza “Busty.” Isiteketiso sakhe. Igama lakhe langempela ngu-Everett. Ngathi, “Yebo.”

<sup>11</sup> Wathi, “Ngiyazi nje ukuthi kungani ngingena lapha.” Wathi, “Ube nami selokhu ngingenile.” Wathi, “Futhi Into ethize yabeka izandla zaYo phezu kwami, esikhashaneni esedlule.” Futhi ngale ekhoneni wabona uthingo lwenkosazana. Khona

lapho-ke uyazi ukuthi Kukhona okukhuphukayo. Sekusondele ehoreni. Kodwa umusa kaNkulunkulu kulokho. . . Angikusho lokhu ngoba ngubaba kaDadewethu Creech. Kodwa uyindoda enhle. Ngicabanga ukuthi ngambhaphathiza, eminyakeni edlule, eGameni leNkosi uJesu, kodwa akazange abe nalokho kuzinikele ngempela, isehlakalo sokuzalwa ngokusha esithanda ukusibona, Mfowethu Graham. Kwenzeka lapho-ke, lapho esibhedlela. Uyindoda eguqukile. Umusa kaNkulunkulu, O—Owamgcoba ngokuPhila okuPhakade, wanikeza uthingo lwenkosazana. Futhi uthingo lwenkosazana luyisivumelwano, luginca isivumelwano saKhe naye, futhi uselungele ukuhamba. Ngijabule kakhulu ngalokho. Ungumakadebona weMpi yoMhlaba yokuQala.

<sup>12</sup> Futhi esikhashaneni esedlule, noma kulokhu ukusa, njalo, ngibizelwe kumngane omdala. Angizange. . . kube nesikhathi esinzima ukumthola. Abaningi benu bayakhumbula uNkk. Morris, ezansi edolobheni. UMfowethu Ruddell usanda kuvakashela lapho, esikhashaneni esedlule. Futhi usequlekile izinsuku eziningana. Futhi ushaya ucingo nje, ngaso sonke isikhathi. Futhi lapho ngingena lapho, wayebiza igama lami ngenkathi ngingena. Wathi, “UBilly ungumfana omuhle.” Wathi, “Wathwala kanzima.” Wathi, “Bengi—ngifuna ukumbona ngaphambi kokuthi ngihambe.” Bese kuthi-ke uyolinda umzuzu nje, athi, “Usuke wambona yini okwamanje na? Ngi—ngifuna ukubona uBilly.” Emizuzwini embalwa, wakhuluma nomyeni wakhe owayesahamba, o, eminyakeni engamashumi amane, amashumi amahlanu edlule, wakhuluma naye. Futhi uqala ukukhuluma nabathandekayo bakhe. Uyazi ukuthi kusho ukuthini lokho, ukuthi kuseduze neSango.

<sup>13</sup> Futhi akuxakile lokho na? Ngisho ephuphuthekile njengoba engaba njalo. . . Usezweni lobumnyama. Uneminyaka engamashumi ayisishiyagalolunye ubudala, khona impela kwengamashumi ayisishiyagalolunye, cishe amashumi ayisishiyagalombili-nesishiyagalolunye, okuthize. Futhi manje, nokho, amehlo akhe asondele kakhulu ngakolunye uhlangothi, aze abone i—izinto ngakolunye uhlangothi, futhi akakwazi ukuzibona ngakoluhlangothi. Wake wakucabanga lokho na? Qaphela othandekayo, lapho befika ezansi ekupheleni komgwaqo? Baqaphele.

<sup>14</sup> UMfowethu Bosworth omdala, engihambasana naye owami omdala, ngaphuthuma ngehlela eFlorida, ukuyombona, mina noMeda, cishe eminyakeni emibili edlule, ngenkathi wayefa, cishe ni- . . . amashumi ayisishiyagalombili nokuthile, amashumi ayisishiyagalombili-nane, ngiyakholwa. Wayesanda kufika nami evela e-Afrika, emhlanganweni. Nakho kulele leli elesaba uNkulunkulu, ikhehla ekhoneni elincane. Ngangena, mina. . . Lezo ezincane, izingalo ezindala zelulekela kimi, umakadebona omdala cishe weminyaka engamashumi ayisikhombisa

yokushumayela. Futhi ngamfaka ezingalweni zami *kanjalo*. Ngamemeza, “Baba wami, baba wami, izinqola zakwa-Israyeli, nabamahhashi bakhe.”

<sup>15</sup> Futhi ngahlala phansi naye eceleni kombhede, wabeka ikhanda lakhe phezu kwehlombe lami. Mina...Wayethi ukungimbambatha. Wathi, “Ndodana,” wathi, “ungehluleki. Shaya lawo masimu, masinya, ngoba asinaso isikhathi esiningi.”

Ngathi, “Uyaqonda ukuthi uyahamba na?”

<sup>16</sup> Wathi, “Yebo. Ngiyahamba, maduze impela nje.” Wathi, “Ngifuna ukukutshela okuthize, Mfowethu Branham, lesi yisikhathi esimnandi kunazo zonke empilweni yami yonke.”

<sup>17</sup> Futhi ngathi, “Ungakusho lani lokho, Mfowethu Bosworth, futhi wena u—wena ufa na?”

<sup>18</sup> “Ngani,” wathi, “noma yimuphi umzuzu, ngibheke Yena ukuthi angene emnyango, ukuba angithathe, Lowo ebengimthanda kuyo yonke le minyaka.” Ngi... Samshiya, mina nonkosikazi, futhi sathi uma sesibuyela emuva... .

<sup>19</sup> Ciske ihora noma amabili ngaphambi kokuba afe... .Wayelele, futhi wavuka, wabheka ekamelweni. Wathi, “Babayi!” Wasukuma ngamandla akhe wase exhawula ubaba wakhe, nonina. Wathi, “Nangu uMfowethu uJohn. Wena waphenduka emhlanganweni wami, eminyakeni engamashumi amahlanu edlule. Nangu us’*bani-bani*.” Exhawulana nalabo abaphendula abase behambe iminyaka neminyaka.

<sup>20</sup> Kwenzekani-ke, mngane na? Ngicabanga ukuthi asiqondi nje ukuthi lokhu kumayelana nani. Ngezinye izikhathi ngiyamangala, ngisho noma siza emhlanganweni, ukuzokhonza, uma singenalo u, hlobo lokuzwakalisa olungalungile, ukucabanga ukuthi size ukuzohlanguka nje ndawonye. Kuhle lokho. Kunenhloso yakho. Noma, ukujabula nokuzithokozisa, lokho kunenjongo yakho. Kodwa sisemalungiselelweni. Silungiselela okuthize.

<sup>21</sup> Futhi ngikusho lokhu izikhathi eziningana. Kungase kube kuhle ukukwenza futhi. Njengoba ngiqala ukukhula, futhi ngiqala ukubona ukuthi izinsuku zami ziyancipha, Ngiqala ukucabanga ngalempilo ngendlela, Mfowethu Graham, njengokuthi kwa—kwayiphupho elibi ebenginalo. Abanengi bethu lapha baphuphile, futhi baba sephusheli elinzima. Uzama ukulwa nawe. Abanengi benu bakwenzile lokho. Ngikwenzile, izikhathi eziningi. Uzama ukuzivusa, ngandlela thize uyazi ukuthi ulele.

<sup>22</sup> Futhi ngizwa lokho kuthi akube njengoba impilo injalo. Ngaleso sikhathi nje sicabanga ukuthi siqondisiwe, futhi yonke into izolunga, bese-ke into ethize ifike futhi iphinde ikushaye ikukhiphe futhi. Manje, nonke nina bantu, eniphezulu ikakhulukazi eminyakeni yami, niyakwazi lokho. Izilingo

nezimpi zokuphila! Ngakho-ke ngezinye izikhathi ngizama ukuzivusa, “O Nkosi!” Futhi ngokunye kwalokhukusa, noma okunye kwalokhu kuhlwa, noma ngesinye isikhathi, ngiyovuka. Ngiyoba seBukhweni baKhe. Khona-ke zonke izilingo nosizi kuzobe sekuphelile. Ngethemba ukuthi lokho kuyiqiniso. Ngethemba ukuthi ngolunye usuku ngingavuka ukuba ngifane naYe. Leso yisifiso senhliziyo yami, wukuvuka emfanekisweni waKhe, ukuMbona.

<sup>23</sup> Futhi, njengoba uPawulu asho, manje kunento eyodwa engifuna ukuqiniseka ngayo, ngisengakwazi, emqondweni wami ohluzile. Ngifuna ukuqinisekisa, ukuthi, “Ngiyamazi eMandleni okuvuka kwaKhe,” kungakhathaleki ukuthi yini enye eyenzekayo. Uma ngifa ngingumfokazana, futhi bangingwabe ensimini yombumbi, noma ithuna lami liyakuba ngaphansi komfula noma kolwandle, noma ngabe kukuphi, ngifuna ukwazi into eyodwa. Ngifuna ukuMazi. Yilokho kuphela okubalulekile manje, kunjalo, ukuMazi eMandleni okuvuka kwaKhe.

<sup>24</sup> Ngokuba ngiyakwazi lokhu, kunomnyango omkhulu obekwe phambi kwami, futhi ubizwa ngokuthi *ukufa*, futhi uphambi komunye nomunye wethu. Futhi ngaso sonke isikhathi lapho inhliziyo yethu ishaya, sisondele ngesigqi esisodwa kulowo mnyango. Ngeke futhi isishaye lesi sigqi futhi. Sisondele ngesigqi esisodwa, futhi ngolunye lwalezi zinsuku sizofika kulowo mnyango. Ubizwa ngokuthi *ukufa*, futhi ngamunye wethu uzohlangana nakho. Futhi lapho ngifika lapho, angifuni ngempela ukungena lapho njengegwala. Ngifuna ukungena lapho nezingubo zaKhe zingithandele, nomusa waKhe. Ngokwazi lento eyodwa, ukuthi, lapho Ebiza, ngiyophuma lapho, ngolunye usuku. Yilokho engikuphilelayo, namhlanje, ngukwenza lokho, ukuMazi nokuMkhonza.

<sup>25</sup> Nalababefundisi abasebancane lapha, uMfowethu Graham, nanjengoMfowethu Ruddell nalabo, impela ngiyabanxusa ukuba babambelele, baqhubeke bacindezele. Ngenkathi ngingena kulobubusuku futhi ngahlala emuva lapho ngase ngizwa lawo maculo, becula nje...lapho beshaya izandla, njengokuthi *Woza Udle*. Ngani, ngangimbona uDadewethu Snelling, ekahle nje, emi lapho, eshaya izandla zakhe, njengokuthi, ecula, “Woza udle. INkosi iyabiza, ‘Woza udle.’” Kahle nje, futhi nibone bonke labo abangcwele abadala asebehambile. Awu, balindile nje ngaphesheya komngecele ngaleya. Futhi ngi—ngi—ngi—ngifuna ukubabona, ngolunye lwalezi zinsuku, umama omdala, uPugh. Ngiyambona u-Anti uNoan emi laphaya emnyango, ngaleso sikhathi lapho wayemubi kakhulu. Ngiyeza ngikhuphuka, uMfowethu George nami, ngathi, “Awu, kukhona ukuvuka kwabafuleyo okukodwa,” wathi, “Ngiyilowo muntu.” Ngiyambona nje epace kakhulu, uDadewethu Weber nabo bonke labo abanye.

<sup>26</sup> Awusho, empeleni, ngicabanga ukuthi uFrankie wenza kahle manje. Ngambiza, ibanga elide, ngobunye ubusuku, ngakhuleka naye futhi. Wathi—wathi, “Okokuqala ngqa ngizwe ukuthinta kukaNkulunkulu eminyakeni.” Wathi, “Ngizovakashela itabernakele, enye yezinto zokuqala, ngokushesha nje uma ngibuyela e-Indiana, ngibuyele ezansi lapha.” Ngakho-ke, mayibongwe iNkosi. UFrankie ungumfana olungileyo, umfana omuhle. Ubenokukhuphuka nokwehla kwakhe. UDon akekho lapha, ingabe ukhona na? Ya. Angicabanganga, lapha. Kodwa yena u—yena ubenokwenyuka nokwehla kwakhe, kodwa uNkulunkulu uzomsusa enkundleni, ngolunye lwalezi zinsuku, uma engafiki. Ngakho-ke, masimkhulekele.

Ngaphambi kokuba sivule iZwi, ake sikhothamise amakhanda ethu kuMlobi.

<sup>27</sup> O omkhulu, Moya oNgcwele kaNkulunkulu, lapho ukuphila kuqala, lokhu kuphila okufayo kuqala ukuba mpunga izinwele, futhi kushwabanise ibunzi, singakuzwa lokho kudlidliza kokuPhila okuPhakade phakathi kwezidalwa zethu ezifayo, futhi kuvuvukala emphinjeni yethu. Lapho sazi ukuthi ukuba bekungesikho okwaKho, ukuthi, masinya uma lempilo isiphelile, bekuyophela konke. Kodwa, njengoba uPawulu wasendulo asho, “Makabongwe uNkulunkulu Osinika ukunqoba ngeNkosi yethu uJesu Kristu.” Ukufa kwakungeke kumtinyele, noma ithuna lalingenakumbamba. Futhi uthuli lwalowomzimba ongewele lulinde ukuvuka, kulobubusuku, kodwa umphefumulo wakhe useBukhoni bukaKristu, owathi, “Kwakungcono kakhulu ukuhlukana, kunokuba nawe.”

<sup>28</sup> Futhi iVangeli elikhulu alimemezela ngesibindi ezinsukwini zakhe, ngisho nangemuva kwezinsimbi zetilongo, wabhala ngenkathi amehlo akhe ayemkhathaza kabi kakhulu waze wabhala ngamagama amakhulu kakhulu. Futhi wayelwe nezilo, futhi wayenemivimbo eminingi emzimbeni wakhe. LeloVangeli elifanayo elikhazimulayo, siphikisana nakho konke okukithi, ukuLigcina liqhubeka kuze kube yilolosuku.

<sup>29</sup> Siyabonga ngalelitabernakele elincane, ngomelusi walo, amalunga alo, ibhodi lonke, nangedolobha elincane elimi kulo; ngokuba ngempela, Nkosi, yilapho engashumayela khona intshumayelo yami yokuqala. Futhi ngiyakhuleka, O Nkosi, ukuthi lelilandla elincane nomoya wokulakha kuyohlala kuze kube ukuFika kweNkosi uJesu, nokuthi wonke lowo ongamalunga lapha, futhi oza lapha, akuyikubakho neyodwa wawo olahlekile. Ngikhulekela ukuvuka okukhulu okungokomoya lapha e-Utica. Kwangathi aMandla kaJesu Kristu angashanela phezu kwalelidolobha elincane futhi abize abaningi kuKristu. Busisa bonke abathintekayo kulezizinto, Nkosi.

<sup>30</sup> Besingacela ukuthi uMoya oNgcwele ukhulume nathi, kulobubusuku. Banike lowomhlangano omkhulu, ngeSonto, abawulindeleyo. Kwangathi kungaba okukhazimulayo ngoBukhona baKho.

<sup>31</sup> Usithethelele izono zethu. Futhi uma ngenhlanhla kungaba khona oyedwa phakathi kwethu, ongakwazi Wena kulobubusuku, leli themba lomusa alishayi ngaphansi kwesifuba sabo, khona-ke kwangathi bangakuthola kulobubusuku, Nkosi, leyomithombo emikhulu yenjabulo ephuphuma ekuPhileni okuPhakade. Yizwa umkhuleko wethu othobekile.

<sup>32</sup> Busisa ukufundwa kweZwi. Futhi kwangathi uMoya ungathatha amaZwi futhi uwatshale lapho angenza khona okuhle kakhulu. Ngokuba sikucela eGameni leNkosi uJesu. Amen.

<sup>33</sup> Niyazi, ngenkathi ngifika e-Utica, akubonakali sengathi ngikhuphukela lapha ukuzoshumayela. Kubonakala sengathi ngikhuphukela lapha ukuzokhuluma nabantu isikhashana, ngoba ngiyanazi nonke, nenhlanganyelo encane nje.

<sup>34</sup> Manje asifunde, kulobubusuku, kuMathewu isahluko se 11, amavesi ambalwa, phansi cishe kwele 15.

<sup>35</sup> Ngiyathanda ukufunda iZwi laKhe, ngoba iZwi laKhe liyiqiniso futhi LiPhakade. Manje, isizathu ngithanda ukufunda iZwi laKhe, ngoba amazwi ami ayohluleka, ngingumuntu, kodwa amaZwi aKhe awasoze ehluleka. Futhi kinina bantu abayigugu enilapha, kulobubusuku, ngiyazi uma kungengaphezu kokufunda leliZwi, uzothola okuthize, uzogoduka, ngokuba lokhu nguKudla uMfowethu Graham abekhuluma ngakho. Futhi kwangathi AngaKuphilisa kithi, njengoba sifunda.

*Kwathi ukuba, uJesu aqede ukuyala abafundi bakhe abayishumi nambili, wamuka lapho futhi ukuyofundisa nokushumayela emizini yabo.*

*Kwathi-ke uJohane esetilongweni ezwile ngemisebenzi kaKristu, wathumela ngabafundi bakhe,*

*Wayesethi kuye, Wena unguye ozayo, noma sobheka omunye na?*

*UJesu waphendula wathi kubo, Hambani nikhombisa uJohane lokhu enikuzwayo nenikubonayo:*

*Izimpumpethe ziyabona, . . . izinyonga ziyahamba, abanochoko bayahlanjululwa, nezithulu ziyezwa, nabafuleyo bayavuswa, nabampofu bayashunyayezwa ivangeli.*

*Ubusisiwe lowo, ongakhubekiyo ngami.*

*Kepha sebemuka laba, uJesu waqala ukukhuluma ezixukwini ngoJohane, Naphuma naya ehlane ukuyobonani na? Umhlanga ontengantengiswa... umoya?*

*Kanti naphumela ukuyobonani na? Umuntu owembethe ezinothonotho na? bhekani, abembethe ezinothonotho basezindlini zamakhosi.*

*Kodwa naphumela ukuyobonani na? Umprofethi na? yebo, ngithi kini, odlula umprofethi.*

*Ngokuba nguye o...okulotshwe ngaye ukuthi, Bheka, ngiyathuma isithunywa sami phambi kwakho, oyakulungisa indlela yakho phambi kwakho.*

*Nqiqinisile ngithi kini, Kwabazelwe ngowesifazane akuvelanga omkhulu kunoJohane uMbhapathizi: kepha omncane embusweni wezulu mkhulu kunaye.*

*Kepha kusukela ngalolo suku, ezinsukwini zikaJohane uMbhapathizi kuze kube manje umbuso wezulu uyafuzulwa, nabafuzulayo bayawuthatha ngokuwuphanga.*

*Ngokuba bonke abaprofethi kanye ne...umyalo waprofetha kwaze kwaba nguJohane.*

*Futhi uma nikwamukela, lo ngu-Eliya, obezakufika.*

*Onendlebe, makezwe.*

<sup>36</sup> Uma ngingazama ukuthatha indikimba encane, ibe yinkulumo, ibe yingqikithi yalendaba, Ngizothatha lokhu: *Naphuma Ukuyobonani na?*

<sup>37</sup> UJohane, ngosuku lwakhe, yizwe, wayethathwa njengomuntu wasendle. Wayenqunu ingxenye, ezisonge ngesiqephu sesikhumba semvu, nentshebe ewuboya ebusweni bakhe, nezinwele zakhe cishe ziphume eceleni. Futhi ku... izwe nje, abantu phandle ezweni, wayeyindoda yasendle. Besiyombiza ngo "yahlanyayo," umhlala yedwa ngenxa yenkolo omdala nje owayehlala phandle ehlane.

<sup>38</sup> Ebandleni, njengoba wayeshumayela, wayengumuntu oshisekele ngokweqile. Ibandla lacabanga, "Leyondoda ngokoqobo iyi, iqondile, ongahlakahlile ekhanda okholwayo." Ukube wayekhona, namuhla, wayengecatshangwe ngokungaphansi kwanamuhla kunokuba kunalokho ayeyikho ngaleso sikhathi, ngoba umhlaba awuguquki. Abantu bayafika, futhi kuvuka izizukulwane ezintsha, kodwa umoya obusa izwe, unjengoba wawunjalo ngaleso sikhathi. Futhi uyoba njalo, inqobo nje uma kusekhona izwe.

<sup>39</sup> Kodwa labo ababemazi uJohane, labo ababemkholwa, baphuma ukuyobona into ethile eyayingokoqobo.



<sup>40</sup> Nanso ihlukanisa, namuhla, njengoba yayinjalo ngaleso sikhathi, ngezigaba ezintathu ezahlukene: izwe, ibandla, nelangempela, ikholwa leqiniso. Yileyo ndlela izwe elimi ngayo namuhla: izwe, ongakholwayo; ibandla, ilunga elisivivi; bese kuba-ke elangempela, ikholwa leqiniso. Abanye abantu baya emasontweni ukuze bathole iphutha kulelo bandla. Futhi abanye abantu baphuma ukuze babe yisikhundla somphakathi, noma lokho abebengakucabanga njengezinga elingcono, noma ukhlangana. Abanye bayaphuma ukuze bathole ukuthula, baye kothola uNkulunkulu kokuthile okungokoqobo. Yilowo othola inzuzo yomhlangano. Bengihlala ngisho ukuthi iVangeli likhiqiza izinhlobo ezintathu zabantu: ongakholwayo, ozenzisayo, nekhohla. Futhi bekulokhu kungaleyo ndlela. Kuncike nje kulokho okufunayo, isimo sengqondo onaso.

<sup>41</sup> UMLayezo awushumayelayo, ngani, izwe belingeke liphume ukuyozwa uMlayezo onjalo. BabeyoWulahla, namhlanje, njengoba nje benza ngaleyonkathi. Into efanayo, uma lowoMlayezo ofanayo wawuzoshunyayelwa.

<sup>42</sup> Kodwa Akufanele ukuthi kwakuwuMlayezo omubi kakhulu. UJesu wathi, “Kwakungekho-muntu owake wazalwa, kwaze kwaba yilesosikhathi, owayemkhulu njengoJohane umBhaphathizi.” UJesu wawuvuma uMlayezo wakhe. Wathi, “Ngabe naya ukuyozwa umoya ontengantengisa imihlanga, ugoba kuyo yonke into na? Hhayi uJohane.” Wathi, “Khona-ke naya ukuyobona umuntu ogqoke ezinthonotho na?” Wathi, “Ngithi kini, labo abembethe ezinthonotho bangabezigidlo zamakhosi. Kodwa,” Wathi, “pho naya kobonani-ke, umprofethi na? Ngithi kini, owedlula umprofethi kwakunguJohane. Ngokuba nguye owaprofethwayo, noma owabikezelwa, ukuthi, ‘Wayezolungisa indlela phambi kobuso baKho.’”

Indoda enkulu, uJohane, kodwa izwe lalingenakukubona ngaleyondlela.

<sup>43</sup> Kwakuyini ngoJohane eyadonsa ukunaka na? Kwabanye babo bahamba ukuyobona indoda yasendle, eshwiba izandla zayo, inqunu ingxenye, inoboya obugcwele umzimba wayo wonke. Kunalokho wayengumuntu oluhlaza, mhlawumbe izingalo zakhe, izandla, ngoba wayengumfanekiso ophelele ka-Eliya, futhi u-Eliya wayeyindoda enobuhwanqa.

<sup>44</sup> Futhi baya ukuyombona. Abanye babo baya ukuyombona, ukuze nje babone ukuthi wayebukeka kanjani. Abanye baya ukuyobona, ukuthi bangavumelani naye. Abanye baya ukuyobona, ukuthi bathole ukuthi yikuphi okuhle ababengakuthola kukho. Bekuyoba yileyo ndlela namuhla uma efika. Ukuba ubelapha namhlanje noma uMlayezo wakhe ubuyoqhutshwa njengoba kwakunjalo ngaleyonkathi, bekuyoba yinto efanayo. Manje makuthi thina . . .

45 Uma uMlayezo wakhe wawuvimbela kakhulu, okwangaleso sikhathi, ukuthi Wanyakazisa izifunda, ake sibone ukuthi wayeshumayeleni. Into yokuqala ayishumayelayo kwaba ukuphenduka kubo bonke.

46 Futhi ukuphenduka kuhlala njalo kuphuphuthekisa amehlo ongakholwayo, noma ilungu lebandla. Ilungu lebandla linomuzwa wokuthi akukho okumele liphenduke kukho. Futhi uma lowo muntu, noma abantu, befika kuleyondawo lapho ucabanga ukuthi awunalutho ongaphenduka kukho, usesimweni esibucayi kakhulu, nakuba uyi—i—ilungu lebandla, usesimweni esibucayi kakhulu ukwedlula isoni emgwaqeni.

47 Ngokuba, umBhalo wathi, ngale eNcwadini yeSambulo, ukhuluma ngebandla, wathi, “Wayengohambaze, elusizi, edabukisa, futhi ephuphuthekile, futhi engakwazi.”

48 Manje, ukuba indoda ibisemgwaqweni, futhi ibiphuphuthekile, lokho bekungaba kubi kakhulu. Ukube ubempofu, bekungaba kubi kakhulu. Hambaze; emubi kakhulu. Kodwa, engakwazi, leyo yingxenywe edabukisayo. Futhi kukhona abantu, namuhla, abazisho ukuthi bangamaKristu, abangabebandla, ongazi ukuthi badinga ukuphenduka. Futhi ukutshela othile lokho, kuyabayaluzisa.

49 Manje, ngenkathi uJohane eqala ukushumayela ukuphenduka kulabobantu bebandla, bathi, “Bheka lapha. Sino-Abrahama ukuba abe ubaba wethu. Asidingi noyedwa kulaba bashumayeli basendle abaphuma ehlane. Lamaqembu angafundile, angemahlelo. Asikudingi ukuklabalasa kwabo nokuqhubeka, ngokuba sinobaba u-Abrahama wethu.”

50 NalowoMlayezo ofanayo ubungaphuphuthekisa ibandla namuhla. Uma ubuza umuntu, ngokushesha, “Ingabe ungumKristu na?”

Athi, “Yebo.”

51 Ngokushesha bayothi, “Ungowaliphi ihlelo na?” Manje, lokho kulungile, kodwa akuhlangene ngalutho nobuKristu.

52 Omunye wabo uyothi, “Awu, ngiyiMethodisti, noma iBaptisti, noma iPresbyterian,” noma yiliphi ibandla okwenzeka ukuthi bazihlanganise nalo. Okulungile ngokuphelele, kodwa lokho akuwuphenduli umbuzo. Usakudinga ukuphenduka, futhi ukuphenduka kushukumisa abantu. Bacabanga ukuthi abakudingi.

53 “Ngi—ngiyidikoni. Ngi...Ngenza izinto ezithile e—ebandleni.” Lokho akwenzi izaba lutho. Usakudinga ukuphenduka.

54 Futhi uJohane wayemane eqinisekisa isithembiso sikaNkulunkulu nje futhi eshumayela ngokumelene nenkolo yobuhlakani. Futhi uma e...lowoMlayezo ofanayo ophumile, namuhla, uyokhuphula nje okungako nje kwesi—isiyaluyalu

phakathi kwabantu benkolo njengoba kwenzeka ngaleso sikhathi. Isizathu, umehluko kuphela abawushoyo, “Ngokuba no-Abrahama ewubaba wethu,” bathi, namuhla, “Awu, ngifuna nazi, ngiyilunga lebandla elithize-thize.”

<sup>55</sup> Futhi uJohane wathi, “Kodwa imbazo ibekwe empandeni yomuthi, futhi yonke imithi engatheli isithelo esihle iyagawulwa, bese iphonswa emlilweni.” Futhi wathi, “Uza ephethe imbenge yokwela esandleni saKhe, futhi Uzakushanelisisa isibuya, futhi ashise amakhoba, futhi abuthele amabele enqolobaneni.”

<sup>56</sup> O, akumangalisi ukuthi uJesu wathi, “Kwakungekho muntu owazalwa onjengaye.” Futhi isizathu esenza uJohane enze lokhu, wayengumuntu okhethekile. UNkulunkulu uyamhlomisa umuntu, Umhlomisa ngempahla yaKhe uQobo. Abaphumanga ehlane ukuyozwa isifundo sobuhlakani, into engafana nenkulumo kasopolitiki. UJesu wathi, “Naphuma ukuyozwa ini na?” Ngenkathi abantu abamuzwa uJohane, bezwa umuntu owazalwa, kusukela esizalweni sikanina, egcwele uMoya oNgcwele. Abazange bezwe ukuyekethisa ngeVangeli. Abazange bezwe amahlelo ephikisana, “*Leli liqinisile, nalelo linephutha.*” Bezwa uMlayezo weVangeli owahlaba enhliziyweni.

<sup>57</sup> UJohane washumayela umbhaphathizo kaMoya oNgcwele. Akakaze ashumayele into ethize ayengenayo. Washumayela lokho ayekwemukelile.

<sup>58</sup> Futhi amadoda kaNkulunkulu athunyelwe emasimini, namuhla, awanalo ilungelo lokushumayela iVangeli, ngaphandle kombhaphathizo kaMoya oNgcwele. Lezo yizimfanelo zokuqala zomfundisi, wukugcwaliswa ngoMoya oNgcwele.

<sup>59</sup> “Pho naphuma ukuyobonani na? Umuntu owembethe ezinothonotho na?” Wathi, “Labo abembethe ezinothonotho bangabezigidlo zamakhosi.” UJohane wayeqhelelene kakhulu neHollywood, ukuba abe umshumayeli ogqoke kahle wenhlaliswano.

“Ubuyokuzwani na? Indoda enemfundo enhle na?”

<sup>60</sup> UJohane waya ehlane eneminyaka eyisishiyagalolunye ubudala, kusho umlando. Imfundo yakhe ivela kuNkulunkulu. Kungani, baya kobona umphathi wakhe womkhankaso, indoda eyiqhalaqhala eyayikwazi ukulungisa imikhankaso futhi yenze wonke amabandla abambisane na? Kungani, ngokusobala akunjalo. Wakuza abafarisi nabaSadusi. Wabiza usoseshini wabefundisi nge “qembu lezinyoka.” Wathi, “O, nina zinyoka, ubani onixwayise ukuba nibalekele ulaka oluzayo na? Ningaqali nithi ngaphakathi kwenu, ‘Singabalokhu, noma singabalokho,’ ngokuba uNkulunkulu angamvusela u-Abrahama abantwana kulawa matshe.” Esikudingayo namuhla omunye uJohane umbhaphathizi eshumayela, egcotshwe ngoMoya oNgcwele. Futhi akazange abuyisele emuva, lapho bebonile ngenkathi eshumayela ngemishado nezahlukaniso. Washumayela ngqo,

ngeVangeli eliqondile, ngoba akaLibuyiselanga emuva. Kungani na? Wayegcotshiwe. Wayengakwazi ukuzibamba abe yilokho ayeyikho.

<sup>61</sup> Awukwazi ukuzibamba ukuba yilokho oyikho. Ngisho noma uyisoni, awunasibopho sokuba yisoni. Unesibopho sokuhlala uyisoni. Kukhona indlela elungiselelwe wena. Kodwa ukuba yisoni, wazalwa ngaleyondlela. UNkulunkulu akakuthumeli esihogweni ngokuba yisoni. UNkulunkulu ukuthumela esihogweni ngoba ngeke uphenduke futhi uthathe uKristu njengoMsindisi wakho. Uyenqaba ukuthatha umgwaqo olungile. Uzithumela ekuhlushweni. Uthumela umphefumulo wakho uqobo esiphethelweni sawo saPhakade, phezu kwenkululeko yokuzikhethelela yezinkolelo zakho uqobo. UNkulunkulu akathumeli muntu esihogweni. Akazange enze futhi Akasoze. Amadoda azithumela esihogweni qobo lwayo ngoba enqaba u—ukwamukela indlela yensindiso. UNkulunkulu akanjalo... Uyabekezela. Akafuni kubhubhe namunye; akakaze akufune.

<sup>62</sup> Kodwa kungcono ukuthi abantu bahambe ebunyamani kunokuthi bahambe ekuKhanyeni. Isizathu sakho ukuthi, baye ba... Bazalwa kuleso simo, futhi abanaso isifiso sokuthatha ukuKhanya. Futhi izithunywa ziyafika, zivela empumalanga nasentshonalanga, nasenyakatho naseningizimu, futhi ziphonse imigoqo. Inkonzo yamaculo, ubufakazi, ukushumayela, endleleni yesoni, futhi ngamabomu udlula phakathi kwazo bese esho ukuthi uNkulunkulu unesibopho noma unecala. UNkulunkulu muhle futhi ugcewele umusa. Futhi Ubengefune muntu ukuba alahleke. Kodwa umuntu ufuna ukulahleka ngoba kuyisifiso sakhe. Uyenqaba ukuhamba ekuKhanyeni, yilokho okumenza alahleke. Kulungile.

<sup>63</sup> Manje, uJohane, wayemelene nalokhu kushumayela kobuhlakani. Wayengenamfundo, ngakho-ke wayengenakukuthola ukubambisana.

<sup>64</sup> Ngiyacabanga, ngisho nasedolobheni elingaka, uma uMfowethu Graham engazama ukuthi athi, “Manje sizoba nemvuselelo lapha, futhi sizohamba idolobha lonke...” Ngabona ngenkathi enemvuselelo yakhe, ukuthi, ezimpambanweni zemigwaqo, isayini encane, yathi, “Imvuselelo e-Utica.” Ayishongo ukuthi yiliphi ibandla. Yavele yathi, “Kukhona imvuselelo eqhubekayo. Woza. Wonke umuntu wamukelekile.” Ngiyabona, uma wahamba esuka kumshumayeli eya kumshumayeli, ezweni lonke lapha, uzoba nesikhathi esinzima sokuthola ukubambisana okugcewele. Ubengeke akwenze.

<sup>65</sup> Uma ngingena lapha ukubamba umkhankaso naye, uMfowethu Beeler noMfowethu Ruddell, nathi sonke ndawonye, sahlangukuba ukubamba umkhankaso eJeffersonville noma eNew Albany, noma ndawondawo, besiyoba—besiyodingeka sidonse

izixuku ngokushumayela kwethu uqobo, nangoMoya oNgcwele. Amabandla abeyothi, “Awu, asihlanganise lutho nalokho. Bavela kuliphi ikolishi lenkolo na? Kuphi ukusekela kwabo na?”

<sup>66</sup> Izincwadi zethu ezisichazayo, njengoba uJohane ubengathi, “Akuveli kini baFarisi. UNkulunkulu wangibizela ukuba ngishumayele iVangeli. Lokho yizincwadi zami ezingichazayo.” Onke amadoda athunyelwe nguNkulunkulu ami phezu kwezizathu ezifanayo. Ibandla alikuthumeli. UNkulunkulu uthumela indoda ethunywe nguNkulunkulu. NoJohane wayengowalolo hlobo.

<sup>67</sup> UJesu wathi, “Naphuma ukuyobonani na? Ingabe naya ukuyobona u—umFarisi, noma umSadusi na? IMethodisti, noma iBaptisti, noma iPresbyterian na? Naya ukuyobonani na? Ingabe wayegqoke kahle na? Ingabe yena—ingabe wayeyiqhalaqhala enkulumeni yakhe na?”

<sup>68</sup> Wenzani ngaphandle kokuma lapho futhi wagxeka konke okwakungalungile! Ngisho umbusi wesifunda waphuma ukuyobona, ongumbusi wezwe; washayela waphuma lapho, ehlala nomkamfowabo uqobo. UJohane wakhuphukela kuye wayesethi, “Akuvumelekile ukuthi ube naye.” Yebo!

<sup>69</sup> “Naya ukuyobonani na? Ingabe naya ukuyobona umshumayeli wehlelo na? Ingabe naya ukuyobona isikhulumi esinobuhlakani na?”

<sup>70</sup> Ngani, namuhla, lokho bekungaba kude kulokho izwe ebelingakufuna namuhla. Ngani, bafuna into ethize eyiqhalaqhala; amakhulu, amatende adumile namafulege, noma uDokotela othize omkhulu wezobuNkulunkulu; onke amabandla ebambisana, amadoda ahlakaniphile ehamba phambili, izinkulumo zobuhlakani.

<sup>71</sup> Kodwa uma ubona umuntu kaNkulunkulu, ngokuvamile uphumela emhumeni ndawana thize, emi esitaladini, noma esinye isakhiwo esincane, eshumayela iVangeli likaJesu Kristu elingaxutshiwe. Lowo ngumuntu uNkulunkulu amthuma, mfowethu, ebeka imbazo empandeni yomuthi, ukushumayela iVangeli kungakhathaleki ukuthi abantu bacabangani ngakho. Uma eyedwa!

<sup>72</sup> “Naphuma ukuyobonani, indoda efundile na?” Ngokuqinisekile akunjalo, wayengenayo. Waya ehlane, eneminyaka eyisishiyagalolunye. Waphuma, eneminyaka engamashumi amathathu.

<sup>73</sup> Eshumayela ukuphenduka! Ekhuza abaFarisi! Kungani akwenza na? Wayengakwazi ukuzibamba abe yilokho ayeyikho. UMoya ka-Eliya wawuphezu kwakhe. Akakwazanga ukuzibamba ngoba wayegqoka izingubo njengoba enzile. Imvelo yakhe yayiyilokho. Akakwazanga ukuzibamba ekushumayeleni ngabesifazane, ngokuba uMoya ka-Eliya wawuphezu kwakhe.

Wayeyilokhu ayeyikho. Watshela uHerodiya, wamtshela ezikabhoqo, ebusweni. Watshela abantu lokho ayekucabanga. Ngani, akakwazanga ukukubamba. Lokho kwakulugcobo lwakhe. Wayengu-Eliya.

<sup>74</sup> Khona-ke uma owesilisa noma owesifazane... Ukugcotshwa kwakho kuyasho kuwe. Noma ngabe umoya wakho uyini, uyakunyakazisa. Ugqugquzelwa wumoya. Futhi uma uMoya kaJesu Kristu ukumKristu, ikholwa, akumangalisi lingumuntu oyingqaba. Akumangalisi, kukhona Into ethize ehambayo kuye. Ubizo lukaNkulunkulu lukuye. UMoya kaKristu uyamgququmezela, futhi ufanele ahambe njengoba uMoya umhambisa.

<sup>75</sup> Ungacabanga ubona uJohane ehamba ezansi lapho, athi, “O, lokho kulungile. Lokhu kulungile.” Inqobo nje uma uMoya ka-Eliya wawuphezu kwakhe, wenza njengo-Eliya.

<sup>76</sup> Uma uthatha laba bantu abahamba manje, uqala futhi uthi, “O, ngizoba ngumKristu,” futhi baqala kahle. Okokuqala, cishe izinyanga eziyisithupha, baqala ukubuyela emuva. Baqala ngalendlela, ngaleyondlela. Ungasho khona lapho ukuthi ugcono luyabashiya. Inqobo nje uma uMoya kaKristu ukuwe, Uyokwenza ufane noKristu.

<sup>77</sup> Manje abantu abayinqwaba banombono ongalungile ngoKristu. Abanye abantu bacabanga ukuthi uKristu wayesasitabane. UKristu wayengomkhulu kunabo bonke abantu. Wayeyindoda eyisibonelo. Wayengeyena kuphela umuntu, kodwa WayenguNkulunkulu-Muntu. Wayengu “Nkulunkulu unathi; u-Emanuweli.” Wayethobekile kunabo bonke abantu. Kodwa, ungazithoba kakhulu, ungazithoba aze udeveli enze unodoli ngawe. Wayethobeke ngokwanele ukuba ageze izinyawo zabafundi. Wayethethelela ngokwanele ukuba akhulekele labo ababeshayela izikhonkwane ezandleni zaKhe. Kodwa Wayeyindoda eyenele ukuluka izintambo nokuxosha abashintshi bemali baphume endlini.

<sup>78</sup> Yebo, uJohane wayeyindoda ngokwanele ukuba abe mnene futhi athobeke. Wayeyindoda ngokwanele ukuba ame osebeni lwaseJordani. Wayengadingi isinagoge elikhulu noma indawo yokushumayela. Wayethobekile. Wathatha isibhakabhaka esikhanyayo esiluhlaza. Wayezithobe ngokwanele kangangokuthi akazange abize abantu ukuthi babe nemali engaka, ukulusa ibandla labo.

<sup>79</sup> Waphila ngezintethe nezinyosi zasendle, izinkumbi. Kulelozwe, bakufaka ekanini. Zingezinkulu kakhulu, izintethe ezinde; bazigqume, bazihwangule, yonke enye indlela, ukuze bazidle. Yilokho ayephila ngakho. Futhi isambatho sakhe sasiwucwezu lwesikhumba semvu ezisonge ngaso.

<sup>80</sup> UJesu wathi, “Naya ukuyobonani na? Naya ukuyobonani na? Umuntu owayevumelana nabaFarisi; umhlanga

ontengantwengiswa yiwo wonke umoya na? Angene nabaSadusi lapho bengena na? Ngolunye usuku uyilokhu, futhi ngolunye usuku yilokho”? Wathi, “Anihambanga ukubona into enjalo.” Wathi, “Ingabe niye ukuyobona umuntu ogqoke kahle na? Qhabo. Isihlakaniphi na? Qhabo. Naya ukuyobonani na?”

<sup>81</sup> Wathi, “Hamba ubonise uJohane ukuthi kwenzakalani lapha. Izinyonga ziyahamba. Izimpumputhe ziyabona. Izithulu ziyezwa. Abafileyo bayavuswa, futhi abampofu iVangeli lishunyayelwe kubo. Ubusisiwe ongakhubekiyo ngaMi.” O, he! Leso kwakuyisibonakaliso sikaMesiya. Leso kwakuyisibonakaliso sokumbonisa.

<sup>82</sup> Leso yisibonakaliso sokuthi ibandla lobungcwele beqiniso namuhla, njengoba liwa nje, kusewuphawu lokubiza kukaJesu Kristu. Abesilisa nabesifazane abamele iVangeli elingaxutshwe nalutho, lensindiso emphfumulweni, kwabampofu, kwabasweleyo. Akuzona izicukuthwane ezigqoka kanjalo emasontweni abo kangangokuthi indoda empofu izizwa ingafaneleki endaweni, kodwa isigejane sabantu abathobekile. Kulapho-ke iVangeli lishunyayelwa khona. Abagulayo bayasinda. Bakhulekela abagulayo. UNkulunkulu uqinisekisa inkonzo yabo ngezibonakaliso nezimangaliso. Kukhona iVangeli elishunyayelwa kwabampofu.

“Hamba ubonise uJohane lezizinto.” O, he!

<sup>83</sup> Ukuthi uNkulunkulu wayithatha kanjani leyondoda ingenamfundo; wathatha leyondoda ngaphandle kwesudi eyodwa yezingubo zokugqoka; wathatha lowomuntu engenangubo ukuyibeka phezu kwamahlombe akhe; indoda eyayingenandawo yokuqamelisa ikhanda layo; indoda eyayingabanga nakho ukudla okusile ukuba ihlale phansi ngakho; futhi wethusa izizwe ngayo.

<sup>84</sup> Haleluya! Umusa! Uma ngicabanga lokho, kungivusa kokuthile. Kufanele senzeni na? Ngathi kunkosikazi, ngolunye usuku, “S’thandwa, ngineminyaka engamashumi amahlanu ubudala. Ngeke ngikwazi ukuba lapha isikhathi eside.”

<sup>85</sup> Ngabe-ke sengiphuma. Ngema lapho emahlathini. Ngaphuma ngiyozingela. Ngama lapho emahlathini kancanyana. Ngacabanga ngalokho, “Iminyaka engamashumi amahlanu ubudala. Yini inkinga na?”

<sup>86</sup> Khona-ke Into ethize yathi, ukusho kimi, “UNkulunkulu angakuqeqesha iminyaka engamashumi amahlanu, ukwenza umsebenzi wemizuzu engamashumi amahlanu.” Noma ngabe ukuqeqeshwa bekuyini, uNkulunkulu uyakwazi Akwenzayo. Waqeqesha uMose iminyaka engamashumi ayisishiyagalombili, ukuze athole iminyaka engamashumi amane yenkonzo kuye. UNkulunkulu uqeqesha abantu baKhe. UNkulunkulu uqeqesha iBandla laKhe. Uma sivuma kuphela ukuvumela uNkulunkulu

abe nendlela yaKhe, noku—ukwenza lokho okulungile. Uma kuphela sizivuma ukuzithoba kuYe, yilokho okumele kwenziwe.

<sup>87</sup> UNkulunkulu uthatha izinto ezilula. Ngezinye izikhathi ungacabanga ukuthi usengcosaneni lapha. Ingcosana, uNkulunkulu uvamise ukuba kwingcosana. Kodwa, mfowethu, lapho Elungiselela ukunyakaza, Unyakazisa iningi ngengcosana. UnguNkulunkulu. Uthatha izinto ezilula. Wayithathaphi into yokwenza umhlaba ngayo na? Wakhuluma futhi wathi, “Makube khona,” futhi kwaba khona.

<sup>88</sup> Wathatha umshumayeli ongenamfundo, wakhulela ehlane ngezintethe nezinyosi, engagqokile neze, ngaphandle kwesiqephu sesikhumba semvu, futhi wanyakazisa izifunda. Futhi igama lakhe alinakufa namuhla. “Naphuma ukuyobonani na?”

UNkulunkulu uthatha izinto ezilula.

<sup>89</sup> Wathatha indoda, ngesinye isikhathi, eyayingabazi neze o-ABC bayo. Wathatha indoda ngenkathi inkulungwane yamaFilisti igijima phezu kwayo. Futhi yabamba umhlathi womnyuzi, yase ithatha umhlathi olula emlonyeni womnyuzi, futhi yabulala amadoda ayinkulungwane ahlomile. O, lowo nguNkulunkulu wethu, ogibela amagagasi aphezulu. Umhlathi womnyuzi, futhi yabulala inkulungwane yamadoda.

<sup>90</sup> Lowo Nkulunkulu ofanayo, ngesinye isikhathi, lapho umFilisti omkhulu oqhoshayo wema ngakolunye uhlangothi lomfula, edelela amabutho akwa-Israyeli, UNkulunkulu wathatha umfana omncane omdala oshwabene, obukeka ondile ephethe indwayimane elula esandleni sakhe. O Nkulunkulu! Indwayimane; intambo eneju-...ehhukwe esi—isiqephu sesikhumba. Indwayimane endala encane, into elula kanjalo, futhi yabulala umdondoshiya futhi yabhaxabula lelobutho.

<sup>91</sup> UNkulunkulu uthatha izinto ezilula. Akuthathi izinto ezinkulu. Kuthatha izinto ezilula ezisetshenziswe kahle. Akuzona izinto ezilula ngokuphelele, kodwa kufanele kusetshenziswe kahle. Wonke umuntu owayehlala ehlane wayengeyena uJohane. Wonke umuntu owayepethe indwayimane kwakungeyena uDavide. Wonke umuntu owacoshisa umhlathi womnyuzi wayengeyena uSamsoni. Kodwa uma kusetshenziswa ezandleni ezigcotshiwe zenceku kaNkulunkulu!

<sup>92</sup> UMose wadelela amabutho akwa-Israyeli...noma amabutho aseGibhithe, ephethe intonga eyomile esandleni sakhe. Amen. UMose, ngolunye usuku igwala, noGereshomu noZipora, emva kogwadule. Lapho wake wagcotshwa, esihlahleni esivuthayo, ephethe induku eyomile esandleni sakhe, unkosikazi ehlezi phezu komnyuzi, nenganyana enqulwini yakhe; iminyaka engamashumi ayisishiyagalombili ubudala, namadevu ebhebhetheka, wehlela eGibhithe futhi



walidla. Elilula, ikhehla elilodwa, elineminyaka engamashumi ayisishiyagalombili ubudala, liphethe udondolo olomile lokwelusa esandleni salo, ladelela onke amabutho omhlaba, futhi lanqoba, laphuma.

<sup>93</sup> Kuya ngokuthi wenzani. Manje usunakho ukuzithoba lapha. UneVangeli lapha e-Utica. Ningase nibe, njengoba ngishilo, yingcosana. Kodwa nize ukuzokuzwa ini lapha na? Uza nje ukuzothi, “Ngiya esontweni”? Uza nje ukuzozwa umfowethu onomusa na? Konke kuhle. Kodwa masenze okungaphezu kwalokho. Asize ukuzothatha uKristu. Asize, ukuba sisuke lapha kulobubusuku naYe. Masiphume siphikisane nakho konke okungalungile, sikunqamule. Umhlathi, noma ngabe yini esesandleni sakho, yilwa ngakho. UNkulunkulu wasebenzisa izinto ezilula, ngezandla ezigcotshiweyo. Unemisebenzi elula; idolobha elincane, elilula; abantu abancane, abalula; ibandla elincane, elilula. IVangeli elilula, kodwa Ligcotshiwe. Nkulunkulu kanjalo. . .

<sup>94</sup> UJehova omkhulu onamandla owaduma ngaleya, Owenza izinkanyezi umgudu ophathelene nokuhamba kwelanga, Owenza umhlaba ngezinto ezingabonwayo, wawukhuluma waba khona, kodwa, lapho Efika ukuzovakashela isintu, Akazange agibele ehle ngezinqola zegolide. Kodwa Wakhetha ukuza e—esitebeleni esincane emmangweni, nokuzalwa kwaKhe kwakusemkhombeni wezinkomo. Izinto ezilula, kodwa kulowo mkhombe kwafika u-Emanuweli. Naphuma ukuyobonani na? Yini egadla emhlabeni namuhla na? Iliphi ikhadi lokubiza elikhulu kunawo wonke eMelika na? Iliphi ikhadi lokubiza elikhulu kunawo wonke emhlabeni? Iyiphi into enkulu kunayo yonke iminyaka nangaso sonke isikhathi na? Ngukuphila noMoya wengane eyazalelwa emkhombeni, esitebeleni eceleni kwegquma.

<sup>95</sup> Izinto ezilula! Izinto ezilula! Kubekwe esandleni sakho, bandla. Manje thatha uGcobo futhi uLusebenzise kahle. Angaba. . . bonke abantwana. . . Inqwaba yabantwana izalelwe ezitebeleni. Inqwaba yabantwana ingazalelwa emkhombeni. Kodwa yindlela, wena, okwenzayo ngaLo.

<sup>96</sup> Abantu abaningi sebezwiwe iVangeli lishunyayelwa. UGraham unabafowabo abezwa iVangeli lishunyayelwa. Nginabafowethu abezwa iVangeli lishunyayelwa. Unabafowabo, futhi abanye banabafowabo. Kodwa yilokho okwenzayo ngaLo. Kwenze. Eyakho leyo. . .

<sup>97</sup> Sihlezi siphikisana ngamahlelo ethu, sifanele sibe ngowaliphi ibandla, yiphi inhlango. Lokho akukhona lokho uNkulunkulu athumela abantu ukuba bakuzwe. UNkulunkulu uthumela abantu baKhe abakhethiweyo, abantu baKhe abakhethiweyo, ukuba bezwe iVangeli. “IVangeli lishunyayelwe kwabampofu.”

<sup>98</sup> Lapha esikhathini esithize esedlule, esifundazweni saseKentucky, phezulu ezintabeni, indaba iyahamba, kamama omncane, oligugu, cishe izingane eziyishumi, ezazilele zibulawa yileso sifo esesabekayo sofuba. O, wayenyangile futhi wenza konke ayekwazi ukukwenza, kodwa igciwane lalimbulala. Kwakumthatha. Ngokushesha wayesezofa. Kulabo bantwana abayishumi, ngokusobala, wayebathanda, kodwa kwakungekho noyedwa kubo owayezosebenza. Akekho kubo owayezomsiza. Walala, efa. Walala embhedeni wakhe. Akabange esakwazi ukusukuma. Le ntombazanyana eyodwa, yayiwashe konke, ngenkathi odadewabo begxumagxuma behamba, bewelela komakhelwane, ukuyodlala. Futhi wabaphekela bonke. Babeba sekhaya ngesikhathi sokudla, bese kuthi uma sekufika isikhathi sokugeza izitsha, babesuka ba—bahambe. Kwakufanele akwenze konke. Akekho omunye owayesele ukuthi akwenze. Ekugcineni, ukufa kwenyukela emnyango, ngolunye usuku, futhi kwathatha unina.

<sup>99</sup> Kwase-ke konke kwaphonswa kuye, ukuba abe umama wabo bonke lababantwana. Into encane empofu yasebenza, futhi yasebenza, futhi yasebenza kwaze kwathi izandla zayo ezincane zaba namaqhubu. Futhi wenza konke ayengakwenza, ukuba ngumama, ukuthatha indawo kanina. Ekugcineni, wasebenza kanzima kakhulu, futhi engondleki kahle, futhi, kwaze kwaba yilapho isifo esibi kabi samenza waphuka umzimba wakhe omncane. Ekugcineni, walala embhedeni wakhe futhi wayeseffa.

<sup>100</sup> Lapho kwenzeka kwaba khona, ezweni lonke, uthisha kaSonto sikole washayela wenyuka emotweni, wangena ukuyombona, futhi wambiza ngegama. Futhi yena... Wathi, "Uyaqonda ukuthi isifo sakho sibucayi na?"

Futhi wathi, "Ngiyaqonda ukuthi ngiyafa."

<sup>101</sup> Wathi, "Ngisanda kubona udokotela wakho, futhi uthe ubufa."

Futhi wathi, "Yebo. Kunjalo."

<sup>102</sup> Kungani, wathi, "Ingabe ukulungele lokhu," umfundisi omuhle wathi, "ingabe ukulungele ukuhlangabezana nalokhu na?"

Futhi wathi, "O, yebo. Ngilungele ukuhlangana neNkosi uJesu."

<sup>103</sup> "O," wathi, "lokho kuhle kakhulu. Awu, manje, ungowaliphi ihlelo na?"

<sup>104</sup> Wathi, "Angiyena owanoma iliphi." Wathi, "Ngisebenze kanzima lapha, akekho ozosiza. Futhi," wathi, "A—angisiye owanoma yiliphi ihlelo."

<sup>105</sup> Wathi, "Mntwana!" Umfundisi omuhle wathi, "Ufanele ube ngowehlelo." Wathi, "Uzokhombisani na? Ungowaliphi ihlelo, uma uza phambi kwaKhe na?" Wathi, "Uzozihlanganisa

naliphi—liphi iqembu na? Iliphi ihlelo ongaMtshela ukuthi ungowalo na? Yini ongaMkhombisa yona na?”

<sup>106</sup> Inenekazi elincane elihlezi lapho, ladonsa ezalo ezincane, wakhapha izandla ezinamaqhubu ngaphansi kombhede. Wathi, “NgizoMkhombisa izandla zami nje. Uzoqonda.” Ngicabanga ukuthi lokho kulungile.

<sup>107</sup> Uma nje sizoMkhombisa, nalokho esikwenzile ngalokho Akubeke ezandleni zethu. Masenze ngakho konke okukithi. “Naphuma ukuyobonani na?” Yini Azoyibona kuwe lapho uhlangana naYe ngalolosuku na? Uma ungenalutho ongaMkhombisa lona, kuyilapho konke kukhona ukuMkhombisa, cabanga ngakho, sisakhuleka.

Asikhothamise amakhanda ethu.

<sup>108</sup> Ngabe ukhona ongathi, “Ngikhulekele, Mfowethu Branham, njengoba ngiphakamisa isandla sami. Manje ngi—ngizwa ukuthi ngifuna ukuthatha lezizandla zami futhi ngizinikele kuKristu, ukuze Ezongisebenzisa”? Phakamisa isandla sakho futhi uthi, “Ngikhulekele.” Njengoba uphakamisa isandla sakho, uthi, “Ngizonikela okwami. Ngiyafuna.”

<sup>109</sup> Mhlawumbe abanye benu maKristu bangathanda ukuthi, “Ngi—ngiyaqonda ukuthi a—a—angenzanga nje izinto okufanele ngizenze. Ngiyaqonda ukuthi bengivilapha kakhulu. Nokho, ngiyayithanda iNkosi uJesus. Futhi ngi—ngifuna ungikhulekele, Mfowethu Branham. Ngizophakamisa izandla zami.” UNkulunkulu akubusise. Kuhle lokho.

<sup>110</sup> “Ngingathanda ukuba naYe kakhulu. Ngi—ngiyaMthanda, futhi ngi—ngifuna ukuhlangana naYe ngaloloSuku. Futhi lapho ngivula eNcwadi, angifuni Yena athi, ‘Awu, walibhala igama lakho eNcwadini, kodwa awenzanga lutho.’ Ngifuna ukuzuza imiphefumulo. Ngifuna ukuphuma futhi ngenze okuthile.” Ngifuna ukukhuleka. UNkulunkulu akubusise. Lokho ngukuthi. . . INkosi ikubusise, mnumzane.

<sup>111</sup> Kunjalo, isandla eziningi, izandla eziningi. Manje, nina eniphakamise izandla zenu, kungaba khona omunye ngaphambi nje kokuba sikhuleke na? UNkulunkulu akubusise, nenekazi eliselincane. UNkulunkulu akubusise, mnumzane. Nawe ngapha, mfowethu.

<sup>112</sup> Manje ngisakhuleka, nani khulekani, futhi. Uthi, “Nkosi Jesu, Wena—Wena ukhulume nami lapha, khona lapho ngikhona. Manje, kusukela kulobubusuku kuqhubeke, ngizoKukhonza. Ngiyaphuma, kusasa, ukuyokwenza umbukiso. Ngiyaphuma, hhayi ukuyokwenza umbukiso ngami, kodwa ngifuna wonke umuntu azi uJesus. Futhi ngizokwenzela Yena okuthize. Futhi ngizoziletha kuWe khona manje. Futhi Wena ngixolele ngendlela ebengiyihlazo ngayo.”

113 Mhlawumbe awusiye umshumayeli, mhlawumbe awusiye uthisha kaSonto sikole, kodwa yenza okuthize. Kwesinye isikhathi fakaza nje eceleni komgwaqo, ukhulume nomuntu othile. Phuma futhi uhlabelele amahubo ngenkathi usasebenza phakathi kwezoni. Khuluma nazo ngeNkosi. Yilokho okwenzayo. Yilokho kuphela uNkulunkulu akudingayo. Yenza noma yini esesandleni sakho ukuyenza. Kwenze.

114 Manje, Baba Nkulunkulu oligugu, ngokuzithoba nangokumnandi siphetha lengxenye encane yenkonzo, siletha imbewu eyahlwanyelwa endaweni yonke, ngokufundwa kweZwi, ukuthi Wena ubuze lowombuzo owanele konke ngelinye ilanga, “Naphuma ukuyobonani na?”

115 Kungani abantu beya esontweni na? Ukuze nje—ukujoyina isonto elithile noma ukuba semazingeni enhlaliswayo enkolo na? Naya kobonani na? Ingabe naya ukuba ningene ebandleni lomphakathi, ukushumayela ngobuhlakani na? Noma naya ukuyothola ukuthula na? Ingabe naya ukuyothola uMsindisi na? Naphuma ukuyobonani na?

116 Futhi, Baba Nkulunkulu, kulobubusuku, ngeZwi laKho, kube khona okungenani abantu abayishumi nanhlanu lapha, noma ngaphezulu, abaphakamise izandla zabo. Ngokuza kulobubusuku, bafuna ukunikela izimpilo zabo. Mhlawumbe amakholwa angamaKristu, kodwa bafuna ukuphila kwabo kubonakale. Mhlawumbe bazizwelile, ngoba bebengabizwanga enkonzwani, ukushumayela iZwi noma ukufundisa uSonto sikole, ukuthi babengenasabelo. Kodwa, Nkosi, akunandaba ukuthi kulula kangakanani, ukusuka ethanjani lomhlathi kuye othini olomile, noma yini esezandleni zethu, asikubonise. Noma yini ephambi kwethu, masiyenze.

117 Nkulunkulu, ngikhulekela ukuthi Uzongcwelisa izimpilo zabo, uzigcobe ngoMoya oNgewe. Futhi imizamo yabo, kunoma kungaba yikuphi, ukucula, ukufakaza, noma ukwenza okuthile, makube udumo nenkazimulo yaKho. Siphe khona, Nkosi.

118 Busisa uMfowethu Graham oyigugu futhi othembekile, oye wama ngakulelideski iminyaka emide eminingi. Nebandla elincane, ibandla elingudade etabernakele, njengoba ngingena, kulobubusuku, futhi ngibona ukuthi kuneziphambano ezintathu e—ipulpiti, futhi ngibona amabhentshi ebandla, futhi, impela, Nkosi, yisihlobo. Ngelincane, ibandla elingudade enhla lapha edolobheni, ukukhanyisa ukuKhanya. Nkulunkulu, sengathi angakhula abe yibandla elinamandla. Siphe khona, Nkosi. Kwangathi ukuKhanya kweVangeli kungakhanya kusukela lapha, kuphume kwedlulele kwamanye amadolobha. Kwangathi kungavela lapha abashumayeli abagcotshiweyo, abazophuma kulawa, lelibandla, lezinsizwa ezihlezi lapha, ezoyisa iVangeli kwezinye izingxenye zomhlaba.

119 Qinisa futhi ubusise abadikoni balo, nabaphatheli balo, nawo wonke amalungu alo. Zitholele udumo Wena uqobo, Nkosi. Futhi ngobunye ubusuku noma imini, noma kungaba nini, lapho lolobizo lokugcina lwenziwa futhi sibizelwa kweliPhezulu, kwangathi singeza, silethe izindebe eziyigugu ukuba zibekwe ezinyaweni zaKho, sinikele kuWe lokho esiKuzuzele khona. Futhi kwangathi impahla, Oyibeke ezinhliziyweni zethu kulobubusuku, kwangathi singasebenza nayo, ngakho konke okusemandleni ethu; ubusisa lababantu, nokubanika iziphiwo, iziphiwo zikaMoya, ukuze basebenzele Wena. Mina manje, njengenceku yaKho, ngokuthunywa engikunikwe nguJesu Kristu, ngibanikele ezandleni zikaNkulunkulu, okwenkonzo, eGameni likaJesu. Amen.

120 Kukhona iculo elidala, angazi noma udadewethu omncane angakwazi yini ukulidlala, noma qha, *Indawo Emthonjeni*. Uyalidlala na? Kuhle. Bangaki abalaziyo na?

Indawo, indawo, yebo, kukhona indawo,  
Kukhona indawo yami eMthonjeni.

121 Ngikhumbula ngenkathi sasivame ukulicula, futhi sifike phansi e-altare, ngamadolo ethu, futhi silicule, ezansi etabernakele, eminyakeni edlule. Futhi niyazi, lolu hlobo... Nonke nisenayo leyonkolo ekhululekile lapha, njengoba sasivame ukuba nayo ezansi etabernakele, lapho usengashaya khona izandla zakho, udumise iNkosi, ube nesikhathi esimnandi.

122 Bayangitshela, uMfowethu Ruddell, lapha, yena unalolohlobo lwetabernakele phandle emgwaqeni omkhulu. Ngiyothi shelele bese ngimuzwa ngobunye balobu busuku. Ngibe nesikhathi esibi kakhulu sokumkhiphela ngaphandle, kodwa ekugcineni useyabashisa phandle lapho manje. UNkulunkulu akubusise, Mfowethu Ruddell.

123 Kulungile, sinikeze indlela. [Umdlali wepiyano uthi, "Liqale."—Umhl.] O, Mfowethu Graham, mhlawumbe kungcono ubaqalele lona manje. Ngifuna ukulicula.

Indawo, yebo, kunendawo,  
Kunendawo yakho eMthonjeni;  
Indawo, indawo, yebo, kukhona indawo,  
Kunendawo yakho eMthonjeni.

124 Niyakuthanda lokho na? Manje bukani, nonke nina maMethodisti, namaBaptisti, namaPentecostal, nanoma yini eniyiyo. Ake thina, ngenkathi sisacula lelo futhi, ake sixhawulane nomunye umuntu, phambi kwakho, ohlangothini lwakho, izinhlangothi zombili, nangemuva kwakho, ngenkathi sisalacula. Manje woza. Kukhona indawo yethu sonke manje.

Indawo, indawo, yebo, kukhona indawo,  
Kukhona indawo yakho eMthonjeni;  
Indawo, indawo, yebo, kukhona indawo,  
Kukhona indawo yakho eMthonjeni.

O, indawo, indawo, kunenqwaba yendawo,  
Kunendawo yakho eMthonjeni;  
O, indawo, indawo, yebo, kukhona indawo,  
Kukhona indawo yakho eMthonjeni.

<sup>125</sup> Anikuthandi lokho na? Niyazi, uJakobe wamba umthombo. Futhi amaFilisti agijima...kude evela, ngakho-ke wakubiza ngokuthi “ububi.” Futhi wamba omunye umthombo, futhi amaFilisti amxosha kuwo, ngakho-ke awubiza ngokuthi “ingxabano.” Wamba omunye umthombo, owesithathu, futhi wathi, “Kukhona indawo yethu sonke.”

<sup>126</sup> Futhi ngakho-ke uNkulunkulu wamba umthombo ebandleni lamaLuthela, futhi babaxosha bonke abanye kuwo, amaLuthela. Khona-ke Wamba umthombo ebandleni leMethodisti, ngaphansi kokungcweliswa. AmaLuthela kwakungukulungisiswa. Kwase kuthi-ke, ukungcweliswa, Wamba umthombo, futhi manje babaxosha bonke.

<sup>127</sup> Manje Usembe omunye umthombo. Awunawo amagama. Qhabo, alikho ihlelo. Ngomuhle nje, uMoya oNgewele omsulwa, futhi kunendawo yethu sonke. Kinina enigibele ikamela elineqhubu elilodwa, amakamela anamaqhubu amabili, amakamela anamaqhubu amathathu, noma kungaba yini, kukhona indawo yethu sonke.

Indawo, indawo, yebo, kukhona indawo,  
Kukhona indawo yakho eMthonjeni;  
O, indawo, indawo, yebo, kukhona indawo,  
Kukhona indawo yakho eMthonjeni.

<sup>128</sup> Aniwathandi yini lawo maculo amadala na? O, ngiyawathanda nje. Ngi-ngiyacabanga, ngemva kokushumayela, ngesinye isikhathi kuluhlaza futhi kumahhadlahhadla. Khona-ke uma sesiqedile ngalokho, uyazi, kuyakukulobha nya, khona-ke uzizwa sengathi, usuhlanziwe wonke, zonke izono zakho sezihambile, zivunyiwe; uzizwa ukhululekile. O, bese-ke ngizwa sengathi ngingacula nje. Aninjalo na? Lokho ukukhonza. UPawulu wathi, lapho ecula, wayecula ngoMoya. Uma wakhonza, wayekhonza ngoMoya.

<sup>129</sup> Angazi noma ngabe udade angakwazi yini ukudlala leli, noma qhabo. Ngingahle ngingakwazi ukulicula. Kodwa ngiyalithanda leliculo. Uma ungakwazi, kulungile, dadewethu.

Jesu, ngigcine eduze kwesiphambano,  
Kukhona uMthombo oligugu,  
Ungesihle kubo bonke, umfudlana  
wokuphulukisa,  
Ugeleza uvela eMthonjeni waseKalvari.

Esiphambanweni, esiphambanweni,  
 Yiba yinkazimulo yami njalonjalo;  
 Uze umphefumulo wami ohlwithiwe  
 uyakufumana  
 Ukuphumula ngaphesheya komfula.

<sup>130</sup> Awukuthandi lokho, sithandwa na? Uyazi, ngisanda kwenza lokho nje ukuze ngizwe lamazwi amnandi e-Utica ecula, niyazi. Sasivamise kuba ne-ogani endala enhla lapha, futhi naniba nemihlangano. Nina bantu base-Utica niyakhumbula lokho na? Niya ngaleya futhi nicule ezindlini zomunye nomunye nezinto. O, ngithanda ukuya kwenye yazo futhi, ngilicule. O, he!

<sup>131</sup> Cabanga nje, uMsindisi wethu oyigugu, sifanele sihlangane naYe. Angazi nini; mhlawumbe ngaphambi kokusa. Kwenza mehluko muni na? Kwenza mehluko muni na? Ngitshele. Sizokwenza, noma kanjani, ngakho-ke ake sivele—vele siduduzeke nje. Yiba nokukholwa. Mthandeni.

Jesu, ngigcine eduze kwesiphambano,  
 Lapho uMthombo oligugu,  
 Ungesihle kubo bonke, ukuphulukiswa...  
 (Kuyakududuzana nje, uyazi.)  
 Ugeleza uvela eMthonjeni waseKalvari.

Esiphambanweni, esiphambanweni,  
 Yiba yinkazimulo yami njalonjalo;  
 Kuze... umphefumulo ohlwithiweyo  
 uyakuthola  
 Ukuphumula ngaphesheya komfula.

Phansi esiphambanweni lapho uMsindisi wami  
 afela khona,  
 Ezansi lapho ngakhalela ukuhlanzwa  
 esonweni;  
 Lapho enhliziyweni yami iGazi labhecwa  
 khona;  
 Udumo eGameni laKhe!

O, udumo eGameni laKhe, leloGama eliligugu!  
 Udumo eGameni laKhe!  
 Lapho enhliziyweni yami iGazi labhecwa  
 khona;  
 Udumo eGameni laKhe!

Asiphakamise izandla zethu manje, laphosicula lesi sitanza.

Ngisindisiwe ngokumangalisayo kakhulu  
 esonweni,  
 UJesu uhlala kamnandi kakhulu ngaphakathi,  
 Lapho esiphambanweni lapho Angifaka  
 khona;  
 Udumo eGameni laKhe!

Uthi, udumo eGameni laKhe, iGama eliligugu!  
 O, udumo eGameni laKhe!  
 Lapho enhliziyweni yami iGazi labhecwa  
 khona;  
 Udumo eGameni laKhe!

<sup>132</sup> Bangaki abafuna ukuya eZulwini na? Impela, siyafuna.  
 Yebo, mnumzane. Ngifuna ukuhamba. Ngisendleleni yami.  
 Ngiyathanda ukwazi nje ukuthi nginabafo nodadewethu  
 engihamba nabo. Yebo, mnumzane.

Woza kuloMthombo ongihlambululayo,  
 Phosa umphefumulo wakho ohluphekile  
 ezinyaweni zoMsindisi;  
 O, ziphonselé phakathi namuhla futhi  
 upheleliswe;  
 Udumo eGameni laKhe!  
 Udumo eGameni laKhe!  
 Udumo eGameni laKhe eliligugu!  
 Lapho enhliziyweni yami iGazi labhecwa  
 khona;  
 Udumo e . . .

Lokho kuhle kakhulu!

Ngisindisiwe ngokumangalisayo kakhulu  
 esonweni,  
 UJesu uhlala kamnandi kakhulu ngaphakathi,  
 Lapho esiphambanweni lapho Angifaka  
 khona;  
 Udumo eGameni laKhe!  
 O, nenkazimulo eGameni laKhe eliligugu!  
 Udumo eGameni laKhe!  
 Lapho enhliziyweni yami iGazi labhecwa  
 khona;  
 Udumo eGameni laKhe!  
 Woza kuloMthombo ocebe kangaka nomnandi;  
 Phonsa umphefumulo wakho ompofu . . .  
 izinyawo zoMsindisi.

Ungathanda ukukhuphuka futhi uguqe isikhashana na?

. . . -usuku, futhi upheleliswe;  
 Udumo eGameni laKhe!  
 Ucula, udumo eGameni laKhe, iGama  
 eliligugu!  
 O, udumo eGameni laKhe, iGama eliligugu!  
 Lapho enhliziyweni yami iGazi labhecwa  
 khona;  
 Udumo eGameni laKhe!  
 Ucula, udumo . . .



133 Abanye benu bangathanda ukukhuphuka futhi baguqe ngase-altare manje na? Khuphuka nomfanyana. Woza.

Udumo eGameni laKhe eliligugu!  
O, lapho kwelami . . .

134 Mfowethu Beeler. Mfowethu Beeler. Mfowethu Beeler. Wozani lapha, nina bazalwane. UMfowethu Ruddell.

. . . IGama laKhe!  
Ucula, udumo kwelaKhe . . .

135 Engaba khona omunye umuntu othanda ukukhuphuka bese eguqa phansi na? Khuphukani, uma nifuna ukunikela izimpilo zenu kuNkulunkulu, ngenkathi uMoya oNgcwele elapha.

Lapho enhliziyweni yami iGazi labhecwa khona;

Udumo eGameni laKhe!

Woza kuloMthombo ocebe kangaka nomnandi;  
Phosa umphefumulo wakho ohluphekile ezinyaweni zoMsindisi;

O, bhukuda namhlanje, futhi upheleliswe;

Udumo eGameni laKhe!

Ucula, udumo eGameni laKhe, leloGama eliligugu!

O, udumo eGameni laKhe!

Lapho enhliziyweni yami iGazi labhecwa khona;

Udumo eGameni laKhe!

Ucula, udumo eGameni laKhe, iGama eliligugu!

Udumo eGameni laKhe!

O, lapho enhliziyweni yami iGazi labhecwa khona;

Udumo eGameni laKhe!

Ngeke yini uze kuloMthombo ocebe kangaka futhi omnandi;

Phonsa umphefumulo wakho ompofu e . . .

136 Ngeke yini ukhuphuke uze, kulobubusuku na? Uguqe phansi futhi ukhuleke. Noma ubani ofuna ukuza, woza.

. . . namuhla, upheleliswe;  
O, udumo eGameni laKhe!

Ucula, udumo eGameni laKhe, iGama eliligugu!

Udumo eGameni laKhe eliligugu!

O, lapho enhliziyweni yami iGazi labhecwa khona;

Udumo eGameni laKhe!

137 O, isikhathi esimangalisa kanje pho! O, sasivame kanjani ukucula leluculo elidala!

Kuzoba yisikhathi esimangalisayo kuwe,  
 Isikhathi esimangalisayo kimi.  
 Uma sizolungiselela ukuhlangana noJesu  
 iNkosi yethu,  
 Kuyoba yisikhathi esimangalisa kanjani pho.

138 Awukuthandi lokho kukhonza ngoMoya na? Yebo, mnumzane. Uyakondla nje, ngomphefumulo wakho. Haleluya! Haleluya!

139 Ngijabule kakhulu ukubona uBilly ezizwa ngaleyondlela. Busisa inhliziyo yakhe! Asicule leli culo manje.

KunoMthombo ogcwaliswe ngeGazi,  
 Elimuncwe emithanjeni ka-Imanuweli,  
 Lapho izoni zibhukuda ngaphansi  
 kwethantala,  
 Kusuka onke amabala azo ecala.

Sonke kanye kanje manje. Sisize, Mfowethu Graham.

KunoMthombo ogcwaliswe ngeGazi,  
 Elimuncwe emithanjeni ka-Imanuweli,  
 Nezoni zabhukuda phansi kwalelothantala,  
 Kusuke lonke ibala lecala lazo.  
 Kusuke lonke ibala lecala lazo,  
 Kusuke lonke ibala lecala lazo.  
 Khona-ke izoni zibhukuda ngaphansi  
 kwalelothantala. . .

140 Uyazi, angikaze ngicabange ngalelo culo funa ngicabange indaba engake ngatshelwa yona. Kwakungaphandle ezindaweni zokongiwa kwemvelo e-Arizona. Kwakukhona uTim Coy. Wayengumholi kumaNdiya, futhi ethi ukuba umfana oyisithunywa senkolo. Futhi wayejikiswe ogwadule, futhi akazange ayithole indlela yakhe yokuphuma. Futhi wayegibele ihhashi lakhe, elikhipha emanzini. Wayelahlekile izinsuku ezimbili noma ezintathu phakathi lapho, lapho nje wonke amathemba okuthi wayeyoke aphume ayengasekho. Wathi wayefakaza emhlanganweni, futhi wathi kwakubukeka kumnyama kabi kuye. Futhi wagijima phezu komkhondo wezinyamazane amadiye, phandle ogwadule, wayesethi ihhashi ayeligibele, lathi, lase lithi alihambe nje. Lali. . . Ngikholwa ukuthi wathi igama lalo kwakunguBess. Futhi wathi yena—yena—yena walizwela kakhulu, wayekade ehamba. Babeneziphapho zesihlabathi ezithi azibe zimbili, futhi amakhala wonke egwala ikhekheba lesihlabathi.

141 Futhi yingalesosizathu begqoka lawo maduku asentanyeni. Lapho isivunguvungu sesihlabathi siqhubeka, balibeka phezu kobuso bakho. Ngiye ngagibela izikhathi eziningi, futhi umoya wami umanzi, bekuyovele—vele kwenze ikhekheba lesihlabathi

eliqinile ebusweni bakho kanjalo, ugibele. Lolothuli, izinkomo, niyazi, nezinto, phambi kwakho. Nezivunguvungu zesihlabathi zikuphephula kanjalo.

<sup>142</sup> Wathi wayecabanga ukuthi kwase kuthi akube ukuphela komgwaqo ngaye. Wayediyazela, yena uqobo, ihhashi lakhe. Angakwazi... Ugenza ngaphandle kwamanzi isikhathi eside kunehhashi. Ngakho-ke, wathi wayediyazela. Washaya lomkhondo wezinyamazane amadiye, futhi wathi wazizwa ekahle kakhulu. Waqala wehla ngomzila wezinyamazane amadiye. Futhi wagibela kulo wayeseqala ukugibela, futhi wathi wehla ngomzila isiqephu esincane. Wathi, o, kwakubukeka sengathi kwakukade kukhona amakhulu ezinyamazane amadiye ehla kulowomkhondo. Futhi wacabanga, “Awu, lowo mzila wezinyamazane amadiye uholela emanzini, ngakho-ke ngizowathola amanzi.” Futhi wathi waqala ngokugibela ihhashi lakhe.

<sup>143</sup> Futhi wathi wafika endaweni encane lapho amathathu noma amane ayehlukela ohlangothini olulodwa, futhi wathi ihhashi lalifuna ukuthatha lowo mkhondo. Wathi, “O, qha, Bess. Awukwazi ukuthatha lowo mkhondo.” Walibamba kancane, wase elidonsa ngalendlela. Wathi, “Hamba ngalomzila. Uphawulwe kangcono. Yilapho zonke izinyamazane amadiye ziye khona ukuyophuza.” Futhi wathi ihhashi lavele laphenduka, lilokhu likhala, likhala. Futhi wathi wayexhuxhuma kakhulu, wayenezipolo zamasondo, futhi wavele wasika ihhashi laze lama lapho, lopho. Futhi wathi lalingeke lihambe. Lalifuna ukuthatha lomkhondo omncane.

<sup>144</sup> Uyabo, yileyo ndlela ngabantu abayinqwaba. Bathanda ukuthatha umkhondo kamabonakude, izihlabani zamabhayisikobho, thatha umkhondo wokuthandwa ngabantu, ukuba ngumuntu othize omkhulu. Niyabo? Abawubuki lowo mzila omncane.

Kukhona umgwaqo omkhulu oholela eZulwini,

Fiphalisa lapho, umzila, ngakho bathi;

Kodwa obanzi uholela ekubhujisweni

Uboshelwe futhi wavuthwa indlela yonke.

Bathi kuyobakhona okukhulu ukuqoqwa kwezinkomo,

Lapho amakhawa ayoma njengezinja;

Bayophawulwa ngabagibeli bokwaHlulela,

Ababoshelwe futhi wazi lonke uphawu.

Nilizwile iculo.

Ngakho-ke ngiyacabanga ngiyoduka unyaka,

Umuntu nje olahlwe ngecala ukuba afe,

Uyosikwa esigejaneni ngabasemaphandleni,

Lapho uMphathi walabo bagibeli edlula.

145 Wathi wacabanga ngalokho. Wathi, “Ngikuzwile lokho. . .” Wambuka, futhi wacabanga, “Awu, Bess, uye wa—uye wangithwala lonke lelibanga. Bengicabanga ukuthi bengizofa, futhi ungithwale kaze kwaba la. Futhi ngizwe kaninginingi ukuthi amahhashi anokuzizwela ukwazi ukuthi amanzi akuphi. Ngakho-ke uma ngikwethembe kwaze kwaba la, ngizokwethemba emkhondweni ofiphele.”

146 Yileyondlela engizizwa ngayo ngeVangeli. AngiLiqhathanisi nehhashi ebelizokuthwala, kodwa ngiye ngathembela eNkosini phansi ngalezi, impilo enje. Lapho umkhondo uba lufifi, ezansi ekupheleni komgwaqo, ngifuna ukuqhubeka ngiMethembe. Niyabo? Lenkolo yesikhathi sakudala yangisindisa emuva ngaleya, eminyakeni engamashumi amathathu edlule, ingithwale lonke lelibanga. Lapho ngihamba esigodini sethunzi lokufa, ngifuna lesi sehlakalo esiqotho esifanayo. NgizoLithemba-ke.

147 Wathi wagxumela kulo, waqala wehla. Wayengahambanga nakancane, waze wagxumela echibini elikhulu lamanzi. Wathi wayekulawomanzi, echaphaza nje, futhi edazuluka ngalolonke iphimbo lakhe, edumisa uNkulunkulu. Wagezisisa amakhala alo, futhi ephonsa amanzi phezu kwakhe, futhi edazuluka eqhubeka.

148 Wathi wavele waphuma nje emanzini, futhi wathi wezwa othile ehleka. Wabuka osebeni, kwakuyisigejane sabafo bemi lapho nenqola endala emboziwe. Bonke babedakiwe. Babekade belapho ephathini enkulu yohlobo oluthize, iphathi yokuzingela, kumbe okuthize. Futhi wathi bonke babedakwe kakhulu. Futhi babonakala bemazi. Futhi bathi. . . Wathi, “Phumani!”

Wathi, “Ngiyabonga, bakwethu.”

149 Futhi wathi, “Ngicabanga ukuthi ulambile.” Wabatshela, wayedukile izinsuku eziningana.

Bathi, “Yebo.”

150 Wathi, “Awu, sinenyama yenyamazane idiye lapha.” Ngakho-ke bona. . . Udla inyama yenyamazane idiye. Wathi, “Kulungile,” wathi, “futhi unguJack, noma uTim Coy, u—umholi wamaNdiya na?”

“Ya”.

151 Wathi, “Awu,” wathi, “ukuthi unenyama yenyamazane idiye enhle, manje,” wathi, “isiphuzo esihle kulo jeke sizokusiza kahle nje.” Wathi umnika ujeke.

152 Wathi, “Qhabo, bafana. Ngiyabonga. Angiphuzi.” Wathi, wabuyisela unyawo lwakhe phezulu, wathola iziqondiso zakhe, wase efaka unyawo lwakhe esikhweleni, wase ebuyela ehhashini.

153 Kusho umfo omncane ediyazela, ethi ukudakwa uhhafu, wathatha esinye salezozibhamu ezinkulu, amaWinchester, wase

ephonsa igobolondo kuso. Wathi, “Bheka, Tim! Uma inyama yethu yenyamazane idiye ibiyinhle ngokwenele ukukondla, ungazami ukucabanga ukuthi ulunge kakhulu kangangokuthi awukwazi ukuphuza ugologo wethu!” Niyazi ukuthi badakwa kanjani.

<sup>154</sup> Wathi, “Bhekani, bakwethu,” wathi, “Angicabangi ukuthi ngilunge kakhulu ukuwuphuza, kodwa,” wathi, “Angiphuzi nje.” Wathi, “NgingumKristu.”

<sup>155</sup> Bathi, “A! Phuma kuleyo nto.” Bathi, “Uzophuza lesi siphuzo sikagologo noma ngizofaka inhlamvu kuwe.” Bezama ukumethusela kukho.

<sup>156</sup> Wathi—wathi, “Awume kancane. Ngaphambi kokuthi ungifake leyo nhlamvu, ake ngikunikeze indaba yami.” Wathi, “Ngazalelwa esifundeni saseKentucky,” Wathi, “Ubaba wafa, eyisidakwa, efake izicathulo zakhe.” Wathi, “Sasihlala endlini encane endala yezingodo. Futhi ngokunye ukusa lapho ilanga liqala ukuphuma, lishaya kwiphansi lencane, indlwana yezingodo endala, yayingenalo ngisho i—iphansi lokhuni kuyo.” Wathi, “Umama oyigugu elele efa embhedeni wamakhoba.” Wathi, “Kwakungumama wami lowo.” Wathi, “Ngangineminyaka eyisishiyagalombili kuphela ubudala.” Futhi wathi, “Wangibiza phezulu ohlangothini lombhede, futhi wangigaxa, wanganga. Wathi, ‘Tim, ngiyakushiya. Uyihlo wafa, edakiwe, egembula, wadutshulwa wafa.’ Wathi, ‘Ngithembise, Tim, ngaphambi kokuba ngife, ukuthi awusoze waphuza isiphuzo sakho sokuqala, noma uzikhohlise ngamakhadi.’” Wathi, “Lapho ngivalelisa umama ngokumanga, ngamthembisa lokho.” Wathi, “Angikaze ngiphuze kusukela ngalolo suku, neze, empilweni yami.” Wathi, “Manje uma ufuna ukudubula, vele udubule.”

<sup>157</sup> Futhi cishe ngaleso sikhathi kwaqhuma isibhamu. Ujeke kagologo waqhuma esandleni sendoda. Umfo omdala obukeka kabi waphuma emhosheni. Wayefunwa. Wayengumgulukudu. Wathi, “Umzuzu nje, Tim.” Wathi, “Ngivela esifundeni saseKentucky, futhi.” Wathi, “Ngathembisa umama ukuthi ngeke ngiphuze.” Wathi, “Bengilokhu ngimile lapha ngilindile baze babe kahle ngempela futhi badakwe, khona-ke bengizobashaya, bonke ekhanda, futhi ngithathe noma iyiphi imali ababenayo kubo.” Abazingeli! Wathi, “Yilokho ebengikumele lapha. Kodwa lapho ngizwa ubufakazi bakho, Into ethize yakhuluma enhliziyweni yami.” Wathi, “Ngiyaxolisa ngephula isethembiso sami kumama.” Wathi, “Kodwa lapho isibhamu sami senanela emihosheni emikhulu yaseZulwini, uzwile ngisayina isithembiso, ‘Angisophinde ngiwuphuze, kusukela kulesi sikhathi kuqhubeke.’” Wathi, “Lesi yisikhathi sami sokuyeka.” Ngiye ngacabanga kaningi ngalokho.

Kukhona uMthombo ogwaliswe ngeGazi,  
 (akunandaba noma ungagijima wehle  
 ngalomkhondo omdala olufifi),  
 Limuncwe emithanjeni ka-Emanuweli  
 Lapho izoni zicwila khona ngaphansi  
 kwethantala,  
 Kusuka onke amabala azo ecala.

Ukwenza kanjalo-ke.

Gxumela ngaphansi kwethantala,  
 Kusuke lonke ibala lecala lazo.

<sup>158</sup> Nali elinye iculo engilithanda kakhulu ngempela.  
 Ngiqinisekile ukuthi nonke niyalazi.

Ukholo lwami lubuka phezulu kuWe,  
 Wena Wundlu laseKalvari,  
 Msindisi waPhezulu;  
 Manje ngizwe ngisakhuleka,  
 Susa lonke icala lami,  
 Futhi makuthi mina kusukela namuhla  
 Ngibe ngowaKho wonke.

<sup>159</sup> Niyalazi na? Niyalithanda na? Asilicule, khona-ke. Asime  
 sisalricula.

Ukholo lwami lubuka phezulu kuWe,  
 Wena Wundlu laseKalvari,  
 Msindisi waPhezulu;  
 Manje ngizwe ngisakhuleka,  
 Susa lonke icala lami,  
 O makuthi mina kusukela namuhla  
 Ngibe ngowaKho wonke!  
 Lapho nginyathela ekudidekeni okumnyama  
 kwempilo,  
 Nosizi lwanda macala onke kimi,  
 Yiba Wena nguMholi wami;  
 Yala ubumnyama bujike . . .

Mfowethu Graham.



*NAPHUMA UKUYOBONANI NA? ZUL59-1001*  
(What Went Ye Out To See?)

LomMlayezo ngo Mfowethu William Marrion Branham, okokuqala wethulwa ngesiNgisi ngoLwesine kusihlwa, ngo-Okthoba 1, 1959, eGlad Tidings Tabernakele eUtica, eIndiana, U.S.A., uthathelwe ekuqopheni kweteyipu enozibuthe futhi washicilelwa ungafinqiwe ngesiNgisi. Lokhu ukuhunyushwa ngesiZulu kwashicilelwa futhi kwakhishwa yiVoice Of God Recordings.

ZULU

©2022 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

VOICE OF GOD RECORDINGS, SOUTH AFRICA OFFICE  
58 DISA ROAD, ADMIRAL'S PARK, GORDON'S BAY 7140 WESTERN CAPE  
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

VOICE OF GOD RECORDINGS  
P.O. BOX 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.  
[www.branham.org](http://www.branham.org)

## Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.

Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:

VOICE OF GOD RECORDINGS  
P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.  
[www.branham.org](http://www.branham.org)